**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI** | | |
| ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | |
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| *1.* *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 7 |
| | | |
| **3** *Umshado* | 35 | 9 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO** | | |
| ***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | |
| *4.* *Ababulali Benyathi* | 35 | 12 |
| | | |
| *5.* *Icala Kaliboli* | 35 | 14 |
| | | |
| **6.** *Isiko Nelungelo* | 35 | 16 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE** | | |
| ***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.*** | | |
| 7.1 *'Uxolo'* | 17 | 19 |
| | | |
| 7.2 *'Inja nengalo'* | 18 | 20 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO** | | |
| ***Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.*** | | |
| 8.1 *'Sezibuya Inhlazane'* | 17 | 21 |
| | | |
| 8.2 *'Yobe nsizw' enye'* | 18 | 22 |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa*

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Washo wavele wabona ukuthi uyazethemba umfo kaMbeje lona. Wathi ukuntongela kancane entshenguleni yakhe, wayesethatha ethi; 'Ngifuna ukukukhombisa mfana wami ukuthi eyami imithi akusiyo eyalapha, iqhamuka ePutukezi kwaLomahasha ngiyixube nengiyilanda eMampondweni. Lesi sifo esikuphethe ubala kimina, nale ngculazi yabo abayishoyo mina ngisasho ngithi abayilethe lapha kimi ngibakhombise amangwevu.' Wayesagcina lona belu isiko lezinyanga lokuthi asikho isifo abangasazi.

'Ngaphambi kokuthi ngiqale-ke ndodana, kuzofanele ukhiphe ugxa lwami okuvame ukuba yimbuzi kodwa ungabona-ke noma uyenza ibe yimali yini. Ngokubona kwami lesi sifo sakho sizodinga imithi yangempela. Ngakho-ke kufanele wazi nawe ukuthi inkokhelo yami kuzoba yimali ebhekile.'

'Angikholwa baba ukuthi lokho kuyoba yinkinga, into eyinkinga ukuthi silwe nesifo sisinqobe, okwenkokhelo khona akuyona nencane inkinga.' 'Kusasa-ke mfana sizoqala ukukusebenza ngoba kuyabonakala ukuthi ukufa lokhu besekwakhele impela, nomzimba uyasho.'

Behlukana sebexoxe kabanzi, bethembisana ukuthi bayobonana ngomuso lapho kuyobe sekuqala wona belu **umshikashika**. USandanezwe wayesechazelwe konke nokuthi inkokhelo yokwelashwa nokuhlala uzoyikhokha kanjani. Lokho akuzange kube yinkinga ngoba noma ukufa kwase kumphundlile kodwa yona imadlana yayisekhona kwazise nemfuyo yayimchuma umfo lo. Wahamba wayolala umfo kaMkhumane ezizwa enethemba lokuthi cha ufike lapho ezosinda khona.

1.1 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B. Bhala kuphela uhlamvu (letter) eduze kwenombolo efanele. Isibonelo: 1.1.1-B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.1.1 UMkhumane | A Isibongo sikaNonkamfela. |
| 1.1.2 UMbeje | B Indodakazi kaMzulazula |
| 1.1.3 UNomkhizo | C Usebenza kubangcwabi |
| 1.1.4 UNomgedla | D Isibongo sikaSandanezwe. |
| 1.1.5 UNtshingila | E Iqhikiza likaNokulindela. |

(5)

1.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama: “umshikashika” lisho ...

A Umsebenzi.
B Umdlalo.
C Umbuso.
D Umkhuba. (1)

1.3 Kulezi zigameko ezilandelayo khetha EZIMBILI ezenzeka ngesikhathi uNonkamfela enikeze uSandanezwe imvume yokuvakashela kubo ebaQulusini.

A Emva kokweqa esibhedlela uSandanezwe waya eNyangeni yakwaMbeje eyayakhe endaweni yaseMacekana eMpangeni.

B USandanezwe wahamba nonina baya esayonini uNdebele osasakhe ngaphesheya kwehlokozana elalingezansi komuzi.

C Ekufikeni kukaZondiwe ekhaya, wanikela kwamalume wakhe eyozwa ukuthi ngabe isimo somzawakhe sinjani.

D Endleleni engazelele uSandanezwe, wazithela kuZabalaza ehamba neviyo lezinsizwa zangakubo kungathi baya emsindweni. (1)

1.4 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka kumusho we-10 kuya kowe-15. (2)

1.5 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi uSandanezwe eqe esibhedlela. (2)

1.6 Le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya. Bhala amaphuzu AMABILI afakazela lesi sitatimende. (2)

1.7 Chaza kafishane ngeqhaza/umsebenzi ka- LF Mathenjwa kule noveli (2)

1.8 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.

1.8.1 Isingeniso (2)

1.8.2 Umyalezo (2)

**ISIQESHANA B**

“Nokulindela dade waphela nje kwenzenjani, usukhumbule uSandanezwe yini? Ubolinda dade, nathi usibona nje selokhu salinda oKhumbulani. Silinde nje sikholelwa yikho ukuthi lapho bekhona basasikhumbula noma bengabhali nje.”
“Wo-hhe dade, ushiso ukungazi wena Sebenzile, thina umhlaba usishaye uqobo lokusishaya, futhi angazi ukuthi ngizothini.” Lapho zithi pho…pho…pho…izinyembezi.
“Mhlawumbe oKhumbulani laba banyamalele nje basengabantu, hhayi okwethu esithwele inzilo sihamba.”
“Hhawu! Uthini manje Nokulindela ngoba mina bengithi ngiyazintelela nje? Uchaza ukuthini ngokuthwala inzilo? Musa ukuhlolela uSandanezwe ibhadi wena esaphila.”
“Eqinisweni dade ushiso ukungazi, kodwa-ke ngizokutshela njengomngani wami, nakuba nami ngingakabi nalo iqiniso eligcwele ngale ndaba. Le ndaba engiphethe kabuhlungu yindaba kaSandanezwe. USandanezwe wasuka lapha waya esibhedlela esiwe umzawakhe, manje kuthiwa esibhedlela lapho bathola ukuthi unalesi sifo esingelapheki ingculazi. Kuthiwa-ke wabe eseshiya esibhedlela, kumanje nje bamkhomba ngapha eMpangeni lapho kuthiwa welashwa khona. Into engiphethe kabi ukuthi mina njengengoduso yakhe zonke lezi zinto sengizizwa ngosizwile, yena akazange angazise, futhi akabhali ngisho ukubhala kodwa lokhu.” Washo zehla ubuqathaqatha futhi.

1.9 Ngokwalesi siqeshana, ngubani owahambisa uSandanezwe esibhedlela? (1)

1.10 Ukuphi uSandanezwe njengoba kukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

1.11 Chaza okufanayo phakathi kukaNokulindela kanye Sebenzile. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.12 Gcwalisa isikhala ngempendulo efanele:

“Hhawu! Uthini manje Nokulindela ngoba mina bengithi ngiyazintelela nje? Uchaza ukuthini __________ inzilo? (1)

1.13 Uqonde ukuthini uNokulindela uma ethi, “...hhayi okwethu esithwele inzilo sihamba.” (2)

1.14 Yimuphi umuzwa otholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.15 Ngokubona kwakho, ngabe kwaba yisenzo esihle yini ukuthi uNokulindela axoxele uSebenzile ngenkinga yakhe. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Ukuziphatha kukaZabalaza kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Sekela impendulo yakho. (2)

1.17 Phawula ngekhono lombhali lokusebenzisa kahle ulimi kule noveli. (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI*-SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Ekuseni njalo ngoMsombuluko kuvukwa kuqondwe esitimeleni kuyogitshelwa. Izinsizwa ziyacula lapha kanti futhi kukhona abashumayela ivangeli khona lapha esimeleni. Kuya ngokuthi wena uhleliphi. Abanye baxoxa ngabafazi babo, besho nokusho ukuthi umfazi uyashawa uma ebheda. Uma ucabanga kancane, ungaze ubalekelwe umfazi ulalela abantu **behhuma** nje. Ziningi-ke izinto ezenzeka esitimeleni. Uma befika esiteshini lapho kwehliwa khona, ungathi ilapho isitimela siphela khona ngobuningi babantu abehla khona, kanti hhayi akunjalo kusazodlulelwa kwezinye iziteshi. Wejwayela-ke naye uManyoba kule fe**mu** eyayakha izindwangu**.** Evuka nezinsizwa zangakubo njalo. Wasebenza isikhathi esingangonyaka engumashanela. Kwathi nje engazelele ngelinye ilanga, wabizwa yinduna yathi uyafuneka ehhovisi likaNdabazabantu, wethuka kwabanda kwamancane, wabuza: “Sengenzeni nduna wangibizela ehhovisi likaNdabazabantu na?” Waphendula umfo kaNgobese wathi, “Hhayi! ungesabi wena kaPhakade kagugi kafi, uyotshelwa izindaba ezimnandi. Phela ndoda yamadoda lapha efemini uma uyotshelelwa emahhovisi amakhulu zisuke zimnandi. Asisheshe angaze athethe uNdabazabantu.” Nebala basheshe baze bayongena ehhovisi benenjabulo novalo futhi ngoba engazi ukuthi kuzothiwa akenzeni elukhuni ngoba yena bekusemnandi eguduza yonke ifemu ezishanelela nje.

2.1 Ngokwalesi siqeshana izinsizwa zigibela hlobo luni lwesithuthi somphakathi uma ziya emsebenzini? (1)

2.2 Bhala indawo lapho kwakuhlala khona uManyoba ngesikhathi esebenza eGoli. (1)

2.3 Ngubani lo Ngobese okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana osifundile? (1)

2.4 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyayivamise ukwenzeka kwisithuthi somphakathi esasigitshelwa ngoManyoba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.5 Wathini uNgobese ngesikhathi uManyoba ebalisa ngokubizelwa kwakhe ehhovisi likaNdabazabantu? (2)

2.6 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi uMaNdlovu ayeke umsebenzi wakhe wasemajalidini emva kokushada noManyoba. (2)

**2.7** Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: "**behhuma**" sisho ...

A Ukulala.
B Ukucula.
C Ukubheda.
D Ukukhuluma. (1)

2.8 Uqonde ukuthini umlobi uma ethi, uManyoba wethuka kwabanda kwamancane? (2)

2.9 Tomula umusho okulesi siqeshana osikhombisa ukuthi uManyoba wayengakulindele ukubizelwa ehhovisi likaNdabazabantu ngalolu suku. (2)

2.10 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

2.10.1 Uvuthondaba. (2)

2.10.2 Isimo senhlalo kule ndawo. (2)

2.11 Chaza kafishane ngeqhaza/umsebenzi womlandi kule noveli. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Ezinye izinsizwa zajabula ukuzwa ukuthi usezohola kangcono njengoba babazi ukuthi usafanele athenge izinkomo zokulobola ingoduso yakhe ekhaya. Kulezi zinsizwa kwakukhona imizwilili yoqobo eyayicwenga kamnandi ngempela. Kwesinye isikhathi kwakuhlanganyelwa kuxoxwa ngezintombi abazishiye emakhaya. Kumbe kuxoxwe ngokukade kwenzeka ngoKhisimuzi emaceceni. NgoKhisimuzi kwenzeka kwahlangana izigodi komunye umgcagco zidlalisela ezintombini izinsizwa. Ukungcweka ikona **okwakudla ubhedu** kulo mdlalo wodumo. Izintombi ziyakikiza uma izinsizwa zishaya induku. Kusukwa kuhlotshiwe kulo mdlalo. Ezinye izinsizwa zidla imitshotshovu kanti ezinye zibhincile amabheshu azo anhlobonhlobo, wena owabona embukisweni woqobo. Izihlangu ezisuke ziphethwe zinhlobonhlobo. Kukhona eziphatha izihlangu

ezimaqandakawayiba, ezimpevu kanye nezinhlobonhlobo ngokwehlukana kwemibala yezinkomo. Zisuke zidlana imilala kule nkundla okudliselwa kuyona. Izinsizwa zishayane amakhanda bese ziyogeza emfuleni, zibuye sezincokolisana zitshelana ukuthi ngokuzayo kuyokuba omunye oyobe ezogezwa lapha. Kwakungavamisile ukuthi izinsizwa zibambelane amagqubu ngemuva kokungcwekisana. Uma ungakaganwa, omama bakubuza njalo ukuthi uyoganwa nini. Naye-ke uManyoba kwakuwumbuzo ayewuphendula zonke izinsuku lo.

2.12 Ngubani isibongo sikaManyoba lo okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana esingenhla? (1)

2.13 Bhala igama lengoduso kaManyoba okukhulunywa ngayo kulesi siqeshana osifundile. (1)

2.14 Ngokwale noveli yayidume ngani inkosi yaseMachunwini uSimakade. (1)

2.15 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe endabeni:
Ukungcweka ikona **okwakudla ubhedu** kulo mdlalo wodumo (2)

2.16 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.16.1 UDoda | A Umama kaNtombi. |
| 2.16.2 UMgoza | B Udadewabo kaFanyana. |
| 2.16.3 UMarriam | C Umfowabo kaManyoba |
| 2.16.4 UMaZondi | D Uthishanhloko wesikole saseGreytown |

(4)

2.17. Ngokucabanga kwakho ayezisola ngokweqiniso yini amadodana kaManyoba ngesenzo sawo sokumhlalisa ngokwehlukana nonkosikazi wakhe? (2)

2.18 Ukuziphatha kukaMaNene kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Sekela impendulo yakho. (2)

2.19 Phawula ngekhono lombhali lokuqamba isihloko sale noveli. Sekela impendulo yakho. (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-E no-F) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

"Angingayi kumama ngoba okwamanje anginayo impendulo. Angiyozihlalela esitolo kuyoze kufike uTholi." Esitolo wabona uZenze uBhekani. Kwathi uma sekuzoshaya isikhathi sikaTholakele wasishiya isitolo uBhekani. Nangempela wazithela kuTholakele.
Wayengahambi yedwa uTholakele wayehamba nomngani wakhe uPamella. Axakeke uBhekani ebona intombazane yomlungu yehla etekisini. Aqonde kuTholakele. Acele uxolo. "Ungadinwa Bhekani. Lo umngani wami uPamella." "Ngiyajabula ukukwazi Pamella." "Lona Pamella uBheki. Sengikuxoxele ngaye indlela yonke vele." Amangale uBheki ukuthi lo mlungu okhululeke kangaka endaweni yabantu uyisima kanjani.
"Kusho ukuthi sizobonana kusasa Bheki. Ungadinwa bandla." "Ngiyezwa." Bathi ukuhambisana kancane. Washeshe waxebuka uBhekani. Uthe exebuka kwakuqhamuka uZenze. Wathi ukukhuluma noTholakele kancane, wanyamalala. UBhekani wabona ukuthi akasale eseyobhekana nebhubesi elingunina okungcono. Wadlula esitolo wathenga izintwana ezincanyana enzela ukutubuza amagabade kunina. Uthe efika ekhaya wafica unina elele. Akaze amvusa. **Wacambalala** naye embhedeni ethi uphumuza ingqondo. Ayiphumulanga nokho ngoba wacabanga ngabantu ayekade ababona. Miningi imibuzo eyayigcwele ekhanda likaBheki. UZenze lo uyisima kanjani? Le ntombazane yomlungu evakashele umuntu omnyama iyisima kanjani? Iningizimu Afrika entsha siyibona ngamehlo lapha. Nokho-le angingazihluphi ngazozonke lezi zinto engizicabangayo.

3.1 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B. Bhala kuphela uhlamvu (letter) eduze kwenombolo efanele. Isibonelo: 3.1.1-B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 3.1.1 UBhekani | A Umngani kaTholakele. |
| 3.1.2 UPamella | B Umngani kaBhekani |
| 3.1.3 USifiso | C Wahanjiswa ekhaya imoto ebomvu. |
| 3.1.4 UBhatomu | D Wabona uZenze esitolo. |
| 3.1.5 ULindiwe | E Washaya uTholakele ngempama. |

(5)

3.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama: "wacambalala" lisho ...

A Ukulala
B Ukuphumula
C Ukugula
D Ukucobeka (1)

3.3 Kulezi zigameko ezilandelayo khetha EZIMBILI ezenzeka ngelanga lo shado.

A UBhatomu wafika emshadweni, ehamba nabangani bakhe, bashaya uBheki ngeketango khona endlini yesonto.

B Amaphoyisa abelungu aphonseka khona endlini yesonto. Ayehamba noPamella owayesefakwe ozankosi.

C Ubaba kaBhekani osewadlula emhlabeni wafika kuBheki ngephupho edonsa uLindiwe ngengalo.

D Ubaba kaTholi wabuza ukuthi ngubani othathe imali ilobolo lalo makoti? (1)

3.4 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka kumusho we-10 kuya kowe-15. (2)

3.5 Nikeza izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi umalume kaBhekani angahambi nabakhongi ababeyolobolela umshana wakhe? (2)

3.6 Le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni. Bhala amaphuzu AMABILI afakazela lesi sitatimende. (2)

3.7 Chaza kafishane ngeqhaza/umsebenzi ka-N. Zulu kule noveli (2)

3.8 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.

3.8.1 Isingeniso (2)

3.8.2 Umyalezo (2)

**ISIQESHANA F**

Ahambise okohlanya uBheki aqonde ekhaya. Ucabanga ngoLindiwe. Akazi ukuthi kufanele enzenjani. Axolise? Abikele unina lesi sehlo? Amehlo yilokhu ewayaluzisa. Uyaqalaza. Ucabanga nokuthi kokunye uzohlangana noLindiwe esehamba. Afike ekhaya. Aqonde endlini yakhe. Kuthe nje nya. Abone ukuthi kusho ukuthi uhambile uLindiwe.
Aphonseke ngaphakathi. Athi qala qala. Sekwenduliwe nombhekana lowo. Athi lapha ethi uphuthuma kunina azithelele kuLindiwe; “Sengiyahamba Bheki. Angiboni ukuthi ngisayophinde ngifike lapha." Kubonakale ukuthi uBheki udidekile. Avule umlomo kodwa kungaphumi magama. Aqhunsule amehlo. "Xola Lindiwe." "Angixabene nawe Bheki. Ngicela ungivumele ngize emshadveni wakho." Angabheki ngisho emuva uLindiwe. Ame uBheki. Angalandeli. Abuke uLindiwe ehamba. Zehle izinyembezi emhlweni kaBheki. Asithele uLindiwe. "Bheki. Siyoyicela ivuthiwe mfana wami." Unina awakhiphe ngokugcizelela la mazwi, ethuke uBheki. Umgondo ubuye. Akhumbule ukuthi kufanele aye emsebenzini. Ezwe ukuthi uphethwe yikhanda. Kokunye usecabange kakhulu. Iyodwa into engapheli kuye; ukuthanda uTholakele. Uhamba uya esikoleni nje uBheki uhlushwa unembeza. Uyabona ukuthi wenze into embi kabi kuLindiwe. Azethembise ukuthi cishe uLindiwe umxolele. Esikoleni wayebonakala ukuthi kuningi okuphithiza khanda lakhe.

3.9 Ngokwalesi siqeshana, ngubani lo uBhekani acabanga ngaye? (1)

3.10 Ukuphi uBhekani njengoba ehamba ecabanga nje? (1)

3.11 Chaza okufanayo phakathi kukaTholakele kanye noPamella. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.12 Gcwalisa isikhala ngempendulo efanele:

Abuke uLindiwe ehamba zehle izinyembezi emehlweni kaBheki, asithele uLindiwe. “Bheki siyoyicela --------mfana wami.” (1)

3.13 Uqonde ukuthini umbhali uma ethi, “Ahambise okohlanya uBheki aqonde ekhaya.” (2)

3.14 Yimuphi umuzwa otholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.15 Ngokubona kwakho, ngabe kwaba yisenzo esihle yini ukuthi umama kaBhekani aye kubantu abahlolayo ngaphandle kokwazisa indodana yakhe? Sekele impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.16 Ukuziphatha kukaBhatomu kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Sekela impendulo yakho. (2)

3.17 Phawula ngekhono lombhali lokusebenzisa kahle ulimi kule noveli. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

*Kusesibhedlela, inkosi ilele embhedeni. Eduze kwakhe kukhona uMaNgema, uMfundisi uMazongolo, usayitsheni, uMaShezi kanye noDuma.)*

MAZONGOLO: Ngicela ukuthandaza. Masivaleni amehlo. *(Bonke bavale amehlo bahlanganise izandla)* Jehova Madali weZulu nomhlaba, siyazithoba phambi kwakho. Siyabonga baba ngokusinika leli thuba elisezandleni zethu njengamanje. Baba, sicela wehlise umoya wakho oyiNgcwele usilawule. Kukho konke esizokwe*nza,* kube yilokho okuthandwa nguwe. Uphinde baba uvakashele isizwe senkosi uShandu. Baba uthele umoya wakho kuso lwehle ulaka. NoNdabezitha baba msikelele, wenze izimanga zakho asinde abuyele ekhaya. Nemindeni esemanzini njengamanje yibophe ngebhande likamoya oyiNgcwele. Konke lokhu sikucela egameni lomfeli wethu uJesu Kristu, Amen.

ABANTU: Amen.

SHANDU: *(Ngezwi elikhathele)* Mfundisi, ngiyabonga. Nawe MaShezi, ngiyabonga kuwe. Ngingakhohlwa nguwe sayitsheni.

MAZONGOLO: Hhayi-ke yithuba elihle leli. Okokuqala nje mina ngiyathokoza ngoba uma ngiyibheka inkosi, ngiyibona izolulama. Cha, bayasebenza odokotela

MANGEMA: *(eqondise kumfundisi)* Baba Mfundisi odokotela bayasebenza ngoba nangu ubaba ebonakala eswabuluka. Mina bengithi sekuphelile. Cha, bathe akazungena engozini futhi kusize kona ukumphuthumisa kwethu.

4.1 Bhala umndeni OWODWA ohleli emanzini. (1)

4.2 Sifo sini esabe siphethe inkosi uShandu? (1)

4.3 Ngobani ababevakashele inkosi esibhedlela ngalolu suku? Bhala ABABILI. (2)

4.4 Yini eyenziwa nguMaShezi noMaNgema ekuletheni uxolo kule ndawo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.5 Bhala izinhlelo zentuthuko EZINTATHU ezazizolethwa yikhansela kule ndawo. (3)

4.6 Tomula umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi uShandu uyalulama esibhedlela. (2)

4.7 Chaza ukuthi kwaba namthelela muni emphakathini wakule ndawo ukushona kukaDlamini? (2)

4.8 Abadlali abalandelayo babambe liphi iqhaza kulo mdlalo?

4.8.1 UMazongolo. (2)

4.8.2 UMbandlwa. (2)

4.9 Yibuphi ubuhlakani obenziwa inkosi uShandu ukuze kube noxolo endaweni. Bhala ngamaphuzu **AMATHATHU.** (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

(*Emagcekeni esikole kunamaphoyisa, osopolitiki ababili, yisikhulu sikaHulumeni kanye nalabo abakade besesibhedlela. Abantu* ***batheleke ngezinkani****. Umfundisi nguye ongusihlalo.)*

MAZONGOLO: Njengoba senizizwele osopolitiki bekhuluma nani, naphinde nezwa noDuma exolisa ngokushayisa kwakhe, manje-ke ngizonifundela umbiko wenkosi. *(Alungise ipheshana aliphethe maqede aqale afunde)* Ithi inkosi yesizwe sakithi, "Ngibingelela isikhulu sikaHulumeni, osopolitiki bezinhlangano zabantu kanye nesizwe sonke. Sizwe sami engisithandayo, okwenzekile kufana nento esingeke sisakwazi ukuyiguqula. Asebefile ngeke sibavuse kodwa ngethemba ukuthi sifunde lukhulu kukho konke osekwenzekile. Ngabe angiyazi into engiyiphilelayo uma ngingababongi laba bantu besifazane ababili umkami uMaNgema, kanye noMaShezi, umkaDuma. Bobabili babambe iqhaza elibaluleke kakhulu ekucisheni lomlilo. Ngempela baqinisile abathi, abantu besimame **bayimbokodo.** Kusukela manje ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni sami. Nalo liqaphele ukuthi lisebenzisa nabantu abanjani. Mina-ke ngizolisiza ikhansela. Njengoba alikabi nayo indlu yokusebenzela, mina nginikela ngendlu elaphaya emzini wami. Leyo ndlu iseduze kwesango. Yiyo-ke ezoba yigunjana azohlelela kulo konke okuqondene nemisebenzi yakhe…."

4.10 Wawukuyiphi indawo lo mhlangano wokudala uxolo ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)

4.11 Buhlobo buni obukhona phakathi kukaMaMsomi noDlamini? (2)

4.12 Umusho osencwadini yenkosi othi, "Kusukela manje ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni sami." uhambisana kanjani nesizinda sesikhathi salo mdlalo? (2)

4.13 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngamagama agqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni.

4.13.1 Abantu **batheleke ngezinkani.** (2)

4.13.2 abantu besimame **bayimbokodo.** (2)

4.14 Ukuba isigameko sikaMaShezi sokuyobonisana noMaNgema sasingafihlekanga kuDuma noMbandlwa kwakuyokwenzekani? (2)

4.15 Ukuba wena wawunguDuma yini owawungayenza ukuvimbela ukufa

kwabantu. (2)

4.16 Umbhali uphumelele yini ukusivezela kahle isisusa sodweshu kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-I no-J) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

**(Ngesonto ntambama kwaMbhele. Bekuhlangene ikomidi lezezimali lebandla lapho kusonta khona abakwaMbhele.)**

MFUNDISI: (Ngokuzithoba) Ndodakazi, usuyosibongela kundodana ngokusivumela sisebenzele emzini wakhe njengoba bekube nenkinga ukuba sihlanganele esontweni namuhla.

MANSIBANDE: Impela bo usibongele kubaba uMbhele ngomusa wakhe. Angadinwa nangomuso.

SONTO: **Akananinkinga umyeni wami, uyathanda ukusiza**. Ngizowudlulisa kodwa umyalezo.

MFUNDISI: Kuyofanele simbonge noNkulunkulu bodadewethu uma amagatsha ethu esenza umnikelo ongaka ngenyanga nje eyodwa.

MANSIBANDE: Impela baba akabongwe uNkulunkulu. Hhayi, banikelile abazalwane, nami bengithi asibalanga kahle, ngendlela nje imali ebe ningi ngayo.

MFUNDISI: Manje bantabami nansi indaba enkulu, sizokwenzenjani ngemali njengoba ilanga selishonile nje nasebhange kungavulwa ngamaSonto? Phela ibivamise ukuhamba nobaba uNtanzi ngoba vele usebenza khona ebhange, nakho-ke manje usesebenzela kwenye indawo.

MANSIBANDE: Mina baba ngibona kungcono ukuthi ihambe nawe bese uvuka ekuseni uyiyise ebhange.

SONTO: Impela nami baba ngifakazelana nonobhala. Ngoba vele uhlala endlini yesonto uzofike uyifake esisefeni sebandla.

MFUNDISI: Yebo bantabami, ngiyanizwa. Usuyongibeka-ke nobhala ngemoto yakho ukuze phela ngingahlangani nezigilamkhuba zingenzakalise.

MANSIBANDE: (Emoyizela) Bengivele ngizokubeka baba.

SONTO: Nginganiphinda yini ngokuphuzwayo?

MANSIBANDE: Hhayi dadewethu, ilanga selishonile manje. Kodwa phela angazi kubaba uMfundisi.

5.1 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana? (1)

5.2 Bahlobene kanjani laba abaxoxayo? (1)

5.3 Nikeza ithoni etholakala enkulumeni yomlingiswa onguMaNsibande. Impendulo yakho kumele ibhekise emgqeni wesi-4 kuya kowe-5 (1)

5.4 Shono umsebenzi womlandi otholakala kulesi siqeshana. Sekela ngokubhekisa emgqeni woku-1 kanye nowama-23 (2)

5.5 Yini eyenza ukuthi uMthofi aphulelwe isigwebo ayesitholile ngokubulala uMaNtuli.? (2)

5.6 Hlela kabusha lezi zigameko ezingezansi ngendlela ezilandelana ngayo kulo mdlalo

A UNhleko wafika kwaMbhele ezobuza uSonto imibuzo mayelana necala lokudutshulwa kukaMfundisi Zondo.
B USonto waficana nomseshi uNhleko emnyango wegumbi okwakulaliswe kulo umfundisi esibhedlela.
C UMthofi noToronto bahlaba imoto kaMbhele ngamalambu. Emva kokuba eseyimisile imoto uMbhele bamdubula emva kwalokho bamshisa.
D USonto watheleka kwamfundisi ebusuku ephethe isibhamu wafike wayithatha yonke imali yomnikelo. (4)

5.7 Ngabe kuyiqiniso yini ukuthi ubudlelwano phakathi kukaSonto noMthofi babuguququka. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

5.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile akhulunywa nguSonto ngomyeni wakhe umveza njengomlingiswa onjani uMbhele? Sekela impendulo yakho. (2)

5.9 Kwaba namthelela muni ukuboshwa kukaSonto kuZinhle? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.10 Ithini indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA J

| | |
|---|---|
| SONTO: | Mina? Hhayi, ayikho leyo nto! |
| NHLEKO: | Uma kunguwe uSonto Mbhele impela ngisho wena. *(Aphenduke uSonto aphindele endlini.)* |
| SONTO: | Mama, ake ngibeke nazi izikhwama ngizobuya ngokushesha. |
| NHLEKO: | Hhayi bo, wadlala ngomuntu omdala, uzobuyaphi? |
| MAMKHIZE: | Sonto, ngobani labo okhuluma nabo abangangeni endlini? |
| NHLEKO: | *(Engena endlini.)* Sawubona mama. Sengiphinde ngabuya futhi. |
| MAMKHIZE: | Senifunani futhi ndodana, awumtholanga yini ngenkathi umfuna uSonto? |
| NHLEKO: | Usho kahle mama, ngangizomfuna, namuhla ngizomlanda. |
| MAMKHIZE: | Umsaphi manje? |
| NHLEKO: | Siyambopha mama. |
| MAMKHIZE: | Nimbophelani? Musani ukudlala ngengane yami ngoba yafelwa yindoda! |
| SONTO: | *(Eziqinisa)* Ungakhathazeki mama, ngizobuya khona namhlanje. |
| NHLEKO: | Ungazithembisi kakhulu. Mancane amathuba okubuya komuntu osebulale |

abantu abangaka!

MAMKHIZE: *(Ngokumangala)* Nisho uSonto lo engimzalayo? Anobuye nithi niyadlala.

NHLEKO: Yena impela lo owamthwala esiswini sakho mama.

MAMKHIZE: *(Ebuka uSonto isikhathi eside.)* Kanti usha amashushu kangaka ngokuhamba yingoba ushiya amacala angaka?

SONTO: Ayikho le nto abayishoyo mama, bayangisukela. Ngizobafaka kummeli bangikhokhele ngokungiqambela amanga.

MAMKHIZE: Kodwa ngishilo ukuthi kukhona okusolisayo. Mntanami, ngimdala. *(Ekhala)* Mntanami kodwa wawungenwe nguSathane muni?

NHLEKO: Sekufanele sihambe mama.

MAMKHIZE: Naze nangehlula-ke. Anobuya phela nizongitshela ukuthi sekuhamba kanjani ngomntanami.

NHLEKO: Kulungile mama

5.11 Bhala isizathu esenza ukuthi uNhleko avakashele emzini kaMaMkhize ngalolu suku. (1)

5.12 Kungani uNhleko esho la mazwi alandelayo:

Hhayi bo, wadlala ngomuntu omdala, uzobuyaphi? (2)

5.13 Nikeza isizathu esenza ukuthi uSonto azenze umuntu osebenzisanayo noNhleko emizamweni yakhe yokuthola isigebengu esadubula umfundisi. (2)

5.14 Chaza kafishane okwenzeka esiphethweni salo mdlalo. (2)

5.15 Yini isisusa sodweshu kulo mdlalo? (2)

5.16 Xoxa ngokubaluleka kwenkulumo-mpendulwano encwadini engumdlalo njengalo osihloko sithi, “Icala Kaliboli.” Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.17 Ngokubona kwakho kwakuyini inhloso kaSonto yokufuna ukubona uMfundisi esibhedlela? (2)

5.18 Ukuba wena wawunguDlamini wawuyomxwayisa yini uMbhele ngalokhu okwakwenzeka emzini wakhe uma engekho? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO-N Zulu***

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

| | |
|---|---|
| SIPHO: | Kodwa uthe uyaphi ekhaya? |
| THENJIWE: | Ngithe ngiya kwasisi. Kuzofuneka uma ngisuka lapha ngidlule kuye ngimgqibe. Kodwa uhleli kanjani lapha? |
| SIPHO: | Kabuhlungu kabi Thenjiwe. Angazi ngingakuchazela ngithini. *(Zicwebe izinyembezi).* Ibuhlungu impilo yalapha angithandi ukukukhohlisa. Ngakhumbula ekhaya ngifika nje. |
| THENJIWE: | Ngiyakuzwela Sipho. Icala lakho kuthiwa yini ngempela? |
| SIPHO: | Kwavele kwathiwa ngonisa wena emzini. Ngikwenza ube nenkani. |
| THENJIWE: | Awusasho yini ukuthi wawulamula, ungaqonde kugwaza muntu. |
| SIPHO: | Abanginikanga ithuba elide lokuchaza. Okubi-ke futhi ngangingenaye ufakazi. |
| THENJIWE: | Awusasho ngani ukuthi abangibize? |
| SIPHO: | **Ngabona ukuthi ngizokwandisela izinkinga**. Ukuba kuya ngami ngabe ngithi mgane uDumisani lowo. |
| THENJIWE: | Kahle Sipho bo. Sekwenzenjani futhi. |
| SIPHO: | Kwathiwa ngiyophuma uma seniganene. |
| THENJIWE: | Kanti awuboshelwe lona icala lakho owalenza. Kwenzelwa ukuba ngigane uDumisani? |
| SIPHO: | Ngendlela engihlezi kabuhlungu ngayo lapha mngani wami, impela shintsha umqondo. Mhlawumbe uthando lukaDumisani luzobuye luvele. |
| THENJIWE: | Ngeke Sipho. Ngeke. Uyazi esikhundleni sokuba kuqale uthando lukaDumisani uya ngokuya eba yisitha. Ngizogcina ngimenzakalisile. Uthanda ngidilikelwe yijele? |
| SIPHO: | Cha. Uyazi inhliziyo yami ibuhlungu kabi njengoba ulapha nje. Ukuba |
| THENJIWE: | kukhona engingakwenza ukuze uphume ngabe ngiyakwenza. |
| SIPHO: | Gana uDumisani phela. |

6.1 Bakuphi laba abaxoxayo kulesi siqeshana? (1)

6.2 Bahlobene kanjani laba abaxoxayo? (1)

6.3 Nikeza ithoni etholakala enkulumeni yomlingiswa onguSipho. Impendulo yakho kumele ibhekise emgqeni wesi-4 kuya kowe-6 (1)

6.4 Shono umsebenzi womlandi otholakala kulesi siqeshana. Sekela ngokubhekisa emgqeni wesi-4 kanye nowesi-5 (2)

6.5 Yini eyayenza ukuthi uThenjiwe angafuni ukungenwa uDumisani? (2)

6.6 Hlela kabusha lezi zigameko ezingezansi ngendlela ezilandelana ngayo kulo mdlalo

A UThabi wabona uThenjiwe efaka umuthi etiyeni likaDumisani.
B UThenjiwe uhlangana noMaNzuza ongumakhelwane kaManzini .
C UThenjiwe uxoxela udadewabo omdala ukuthi abasemzini bafuna ukuthi angenwe ngumfowabo kaSikhumbuzo omncane.
D UMaMbatha ufika kwaMondise ezobatshela ukuthi uDumisani ulinyazwa amasoka kaThenjiwe. (4)

6.7 Ngabe kuyiqiniso yini ukuthi ubudlelwano phakathi kukaDumisani noThenjiwe babuguquguquka. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

6.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile akhulunywa nguSipho amveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

6.9 Kwaba namthelela muni ukuboshwa kukaSipho kuThenjiwe? (2)

6.10 Ithini indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| MONDISE: | Usuhlale isikhathi eside lapha ndodakazi. Kuzofuneka ngikubuyisele emzini. |
| THENJIWE: | Hawu baba! |
| MONDISE: | Impela. Unyoko nami sesikuchazele kabanzi ngesiko lokungenwa. Akusekho esingabuye sikusho okudlula lokhu. |
| THENJIWE: | Ngizwile nami baba. Inkinga idalwa ukuthi anginalo uthando lukaDumisani mina. |
| MONDISE: | Uqinisile. Akulula umthande engekho eduze. Yikho ngithi buyela emzini nabo bazame abangakuzama manje. |
| THENJIWE: | Okungcono ngizovele ngiyozihlalela kwasisi mina. |
| MONDISE: | Kubi ukungalaleli. Usufuna ukuyokonisa udadewenu-ke manje kanti uzihlalele kahle emzini. Ufuna ukubonani kanti? Ufuna ngikubambe ngezandla? (Zigcwale amehlo) |
| THENJIWE: | Ngiyaxolisa baba. Ngicela wazi ukuthi ukubuyela kwami emzini akusho ukuthi ngiyogana uDumisani. |
| MONDISE: | Le nkani yakho isifake abantu abaningi ezinkingeni. Ngiyajabula ngoba amaphoyisa ambopha ngokushesha uSipho. |
| THENJIWE: | Hawu baba. USipho uboshiwe? |
| MONDISE: | Uboshiwe, angithi uyena lo odala ube nenkani. |
| THENJIWE: | USipho akanacala. Wayengilamulela. |
| MONDISE: | Ukhona umuntu olamula ngommese. Lunga-ke ntokazi. Kuzofuneka sidlule kugogo wakho. Uvele wavukwa ukugula kwakhe uma ezwa lezi zimanga zakho. Angazi noma siyomfica esaphila. |
| THENJIWE: | Uthi nimtshelile ukuthi ngiganiswa umuntu ngingamfuni. |
| MONDISE: | Usuyomtshela wena lokho. Thina usibeka icala lokuthi asikufundisanga ngani onke amasiko esintu. Cishe naye ufuna ukulahlela umlomo okokugcina. |

6.11 Bhala isizathu esenza ukuthi uMondise angahambisani nokuthi uThenjiwe aye kohlala noNondumiso. (1)

6.12 Kungani uMondise esho la mazwi alandelayo:

Le nkani yakho isifake abantu abaningi ezinkingeni (1)

6.13 Nikeza isizathu esasenza ukuthi uThenjiwe angababikeli abakubo uma eya kobona uSipho ejele. (2)

6.14 Chaza kafishane okwenzeka esiphethweni salo mdlalo. (2)

6.15 Yini isisusa sodweshu kulo mdlalo? (2)

6.16 Xoxa ngokubaluleka kwenkulumo-mpendulwano encwadini engumdlalo njengalo osihloko sithi, "Isiko Nelungelo." Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

6.17 Ngokubona kwakho ukuba uThenjiwe wagcina engavumanga ukungenwa nguDumisani kwakuyokwenzekani? Sekela impendulo yakho. (2)

6.18 Ukuba wena wawunguGugu wawuyomduduza/umyale uthini umngani wakho uThenjiwe emva kokudlula komyeni wakhe emhlabeni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

### UMBUZO 7

7.1 **UXOLO-S ZIMEMA**

Kwabonakala amadoda ehlangana ngamakhanda. Kwakuyinto engakakaze ibonakale, ingqayizivele uqobo lwayo. Bonke bavumelana ngokuthi kwakuwumuthi lowo. Umuthi omubi. Kwadingeka ukuthi leyo naleyo ndoda izibheke amacala, izifune. Amadoda avumelana ngokuthi kufanele zehliswe izinkukhu lezo, ziyolahlwa. Baqala badidizela kodwa bagcina ngakho ukuzehlisa. Baqhubeka ngokusebenza njengokujwayelekile. Aliphelanga isonto ubonakele lowo mbono omubi wezinkukhu, kwaqala kwafa abantu. Babefa isonto nesonto. Kwakufa umnikazi wetekisi noma umshayeli. Baze baba bahlanu abantu befa ngokulandelana. Indlela abafa ngayo iyefana. Abantu babevele baphathwe amakhanda isikhathi esincane nje bese beyafa njalo. Lwalungapheli usuku umuntu ekhale ngalelo khanda, bese kuba sekuphelile njalo. Amadoda ayebuzana ukuthi engabe ubani osezolandela. Ngenxa yengebhe eyase ihlasele, uMtolo wabona kungcono ukuthi aphuthume kumuntu amethembayo. Lokhu wakwenza engazange atshele noyedwa kozakwabo laba ayehlangene nabo ngenkathi becekela phansi impahla kaS'kebhe. Uthe uma eyozwa kulowo muntu wakhe, wathola ukuthi kunukeka uS'kebhe. Ubashaya ekude. Ubashaya buthule. UMtolo wexwayiswa ngobungozi bemithi ayeyisebenzisile uS'kebhe-baketule. UMtolo wabona kungcono ayozidela amathambo, ayozicelela uxolo kule ndoda kunokulindela ukufa akuzwa kunuka ekhaleni.

7.1.1 Ngokwalesi siqeshana yini amadoda avumelana ngayo mayelana nezinkukhu ezazilengiswe erenki? (2)

7.1.2 Tomula umusho okulesi siqeshana ofakazela ukuthi lesi sehlo abasibona

ngalolu suku sasingajwayelekile. (2)

7.1.3 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka emva kokuthi kubonakale izinkukhu erenke. (3)

7.1.4 Chaza ukuthi kushoni lokhu okulandelayo:
Wabona kungcono ayozidela amathambo. (2)

7.1.5 Izenzo zomlingiswa onguS'kebhe, zimveza njengomlingiswa onenhliziyo elikhuni. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

7.1.6 Xoxa ngezinto ezenziwa uMtolo ngesikhathi sekufa abanikazi bamatekisi nabashayeli isonto nesonto. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.7 Phawula ngendikimba yale ndaba. Bhala ngephuzu ELILODWA. (2)

7.1.8 Indaba emfushane kuyancomeka ukuba iqoqeke ngokwendawo nesikhathi. Chaza ukuthi ufezekile yini lo mgomo kule ndaba. (2)

**KANYE**

7.2 **INJA NENGALO- N.A.P. Khumalo**

"Beka phansi Grace. Kimi inhliziyo imnyama. Ngihlikahlikwa yikho ukukhwehlela nje. Kuzodingeka ukuba ngithole ukuphuza ubisi kakhulu, kuzohushuka umthakathi. Yilona mina oselungisiza, izimbizana zabo lezi ukudlala nje. Sengilinde yena uBhekani aqhamuke nobisi ngithenge. Nezitolo zibuqamamana, kanti futhi luyabiza khona, ngabe sengivele ngakuthuma ntombazane, wayongithengela."

"Hawu, pho awusakhiphi nobuthi?"

"Phela okhipha ubuthi uphuza kuqala. Ubona ukuthi ngingakubulala yini Mtakwethu?

"Ngithi ngenzani nje?" kubuza uStofu ngelosizi, etshekise ikhanda sakudabuka,

"Cha, ungengibulale ngane yakwethu. Bengisho nje okulisiko. Futhi phela lokhu kudla kwethu kumnandi ngokubanjiswana." Nempela avale uNtombise abeke laphaya, esule umlomo ngesandla. "Awubheke ke ntombi ngizoqhomoloza lapha ngizigulela nokuzigulela. Indaba kaNgema! Buye nemishana yabo seyahamba nemihlatshelo." "Yehheni! Sengathi indaba inkulu! Kanti utheni lowo Ngema?"

"Musa ukube ungicasula wena, ubuza nokubuza. Akashongo kanti ukuthi angibulale inja azosebenza ngayo?"

"Hawu! Inja?"

"Yebo Grace, inja."

"Pho wena uyitholephi leyo nja?"

"Ewu!" asho abheke lena uStofu, asonge izandla kuhle komuntu efelwe yizwe. Aphendule lapho esethandabuza athi, "Ngizamile nje kwaze kwalunga. Ngihambe ngayohlwaya lapho kuchithwa khona izibi zalapha elokishini. Nempela ngenhlanhla ngayithola enye ezibini ebisanda kushayiswa yimoto…"

7.2.1 Ngokwalesi siqeshana, yini eyenza ukuthi uStofu akhwehlele? (1)

7.2.2 Ubani le nsizwa eyayilindelwe uStofu? (1)

7.2.3 Xoxa kafushane ngamaphuzu AMABILI okwenziwa uStofu ukusimamisa ibhizinisi yakhe. (2)

7.2.4 Lutholakala kuphi uvuthondaba kule ndaba? (2)

7.2.5 Ngokwale ndaba emfushane, kungani uGrace wayengahambisani nendaba yokushada? (2)

7.2.6 UStofu ungumlingiswa omkhulu kule ndaba. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI (2)

7.2.7 Ngokubona kwakho ngabe kuhle yini ukuthenga ukudla kubantu abadayisa emigqwaqeni? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.8 Bhala inhloso yombhali yokusibhalela le ndaba emfushane. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.2.9 Ngabe umbhali ukwazile yini ukusikhombisa ukuthi uJoana ungumlingiswa ongenandaba nempilo yabathengi ayebathengisela inyama? Bhala amaphuzu AMATHATHU (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**
***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 6.1 NOMBUZO 6.2.

**UMBUZO 8**

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**SEZIBUYA INHLAZANE-SB Mlambo**

Sezibuy' inhlazane
Sekugqigqwa namagula
Sekuyisikhathi sokukleza.

Kusesibayeni solwazi
Kusengwa **a**mahinikazi
Kusengwa izigqala

Kuyaphithizela ubuyaluyalu
Ayagcwala amathunga kuyathululwa
Kwabanye ziwakhahlel' egcwele.

Kusesibayeni solwazi
Sengathi ngumbondo neminjonjo
Bazozuza selithambama.

Asegcwalisile bayayikizela
Sebeyeke imiyeko yokunqoba
Imiyeko bayithole sebeqedile.

Izehluleki seziyabanyokoloza
Zibabeka izici bengenazo
Kuthiwa bayazidla!

Sebezizuzele izaqheqhe
Abasayikwephucwa muntu!
Yisinkwa sabo!

Nani enisashay' umphehlu
Yalelani nabanye abantu
Ngamaqhinga okusenga le nkomazi

8.1.1 Tomula imigqa EMIBILI ovulekile esitanzeni soku-1. (2)

8.1.2 Ichaza ukuthini imbongi ngalo mugqa?

Sekuyisikhathi sokukleza. (2)

8.1.3 Khipha ukuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-2 bese unikeza uhlobo lwakho. (2)

8.1.4 Isigqi sale nkondlo siyashesha. Fakazela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.1.5 Nikeza umqondo ocashile wale nkondlo. (2)

8.1.6 Nikeza umoya wale nkondlo. Bhala amaphuzu AMABILI ukusekela impendulo yakho. (3)

8.1.7 Uyavumelana yini nokuthi imbongi ingumuntu oyithandayo imfundo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.1.8 Isiphi iseluleko ongasinika umuntu osafunda/osakhula esikhathini samanje ubhekise enkondlweni? (2)

8.2 **YOBE NSIZW' ENYE-Thembinkosi.B. Qwabe**

**YOBE NSIZW' ENYE-Thembinkosi.B. Qwabe**

Bese uzishaye zaphelela,
Usuzowakha umuzi kayihlo.

Esibayeni sakho esichichimayo,
Uzishaye zonke ngemibala yazo,
Kwasala ezinye zisiqhumisa,
Lokhu zigcwele ziyagwazana,
Zigcwele njengothando lwakho ngaye.

Njengoba wakhetha wamehlula ngamazwi wavuma,
NoSiyafa isoka lamanyala elingehlulwa,
Limvimbezele ngengcwenga yamazwi wavuma,
Wabopha umphefumulo kuphela wemuka,
Lwaliphumela kuqala udwendwe,
Wena usakhomba izinsuku ezizayo,
Ezizofika zingasafumbethe lutho ngezandla zazo.

8.2.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

8.2.2 Bhala kafishane ukuthi le nkondlo ikhuluma ngani? (2)

8.2.3 Tomula ibinzana lamagama esitanzeni soku-1 elisho ukulobola. (2)

8.2.4 Bhala ngephuzu ELILODWA umyalezo owethulwa yimbongi kule nkondlo. (2)

8.2.5 Uyazwelana yini nale nsizwa imbongi ekhuluma ngayo kule nkondlo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.6 Fingqa kafushane okushiwo yimbongi emgqeni elandelayo:

Wena usakhomba izinsuku ezizayo,
Ezizofika zingasafumbethe lutho ngezandla zazo. (2)

8.2.7 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B. Bhala kuphela uhlamvu (letter) eduze kwenombolo efanele. Isibonelo: 3.1.1-B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 8.2.7.1 Esichichimayo | A Ngapholile/amnandi |
| 8.2.7.2 Ngengcwenga | B Umuntu wesilisa onezintombi eziningi. |
| 8.2.7.3 Isoka lamanyala | C Umbhali usuke elila. |
| 8.2.7.4 I-Eleji | D Esigcwele kakhulu izinkomo |

(4)

8.2.9 Uyavumelana yini nokuthi imbongi iyibhale le nkondlo njengomuntu wesithathu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE : 70**